NONHLAKANIPHO SHINGA

Ukuvalwa kwezwe kumnike ithuba lokubhala izingoma

USjava uthi usesungule inhlangano engenzi inzuzo

UBONGA uthando alukhonjiswa ngabantu base-Thekwini, kubalwa namaciko akhona, umculi waseBergville, uJabulani "Sjava" Hadebe, othi kukho konke akwenzayo, uyazi ukuthi kunabantu abahlale bezimisele ngokumeseka.

NgoMgqibelo lo mculi ubese-Yadini Lounge, eMlazi enza adume ngazo, ejabulisa abantu, okuyinto agcina ukuyenza ezinyangeni eziwu-6 ezedlule.

Uthi ukuba sesiteji kumvuselele kakhulu. Eyadini ubengomunye wabaculi abanandise emcimbini wokugubha iminyaka ewu-7 le ndawo kaJabulani "Mjay" Nzama yasungulwa.

USjava wagcina ukunandisa emcimbini wakhe, i-A Night With Sjava, owawuseDurban International Convention Centre, mhla ka-29 kuNhlolanja (February) lapho abantu babengangezimpethu zendlovu.

Njengamanye amaciko, lo mculi ubevinjwe wukuvalwa kwezwe ngenxa yokubheduka kweCoronavirus ukujabulisa abalandeli bakhe esiteji.

Yize lesi sikhathi sokuvalwa kwezwe sibe nomthelela omubi kwabaningi, uSjava uthi simsizile ezintweni eziningi obekudingeka ukuba agxile kuzona njengokuthola isikhathi sokuzithola yena uqobo nokwenza umsebenzi omningi ngaphandle kokuba aphazamiseke.

"Umculo yinto engiyithanda ngendlela eyisimanga. Ukuvalwa kwezwe kungenze ngaba nesikhathi sokugxila kuwona, ngenza izinto eziningi abalandeli bami abazozwa ngazo maduze nje," esho.

Phakathi kwezinto athi uthole ithuba lokuzenza, wukusungula inhlangano engenzi inzuzo, iSjava Foundation, athi ubesenesikhathi eside efisa ukuyisungula kodwa isikhathi engasitholi.

"Noma le nhlangano ngiyisungule manje, kodwa kunesikhathi ngaqala ukwenza imisebenzi yokubuyisela emiphakathini njengoba bengike ngenzele izingane izindawo zokuqophela (umculo) nokunye okuningi," kusho yena.

Uthi inhloso enkulu yale nhlangano wukugqugquzela nokufundisa intsha yasezindaweni zasemakhaya ukuthi kayikho into efisa ukuyenza engeke ikwazi ukuyenza.

"Ngiyaye ngizibuke mina nje nalapho ngizalwa khona, nginga-kholwa ukuthi ngakwazi ukuhamba ngize ngifike lapho ngikhona manje.

"Njengomuntu okhulele emakhaya, ngiyazi ukuthi kwesinye isikhathi uma sisakhula, siyaba nokuzenyeza nokubukela ezinye izinto kude nathi ngoba sizitshela ukuthi zifanele abantu abathile.

"Inhloso yami wukuvuselela ukuzethemba ezinganeni zasemakhaya, zazi ukuthi zingafinyelela noma yikuphi lapho zifisa khona," kusho yena.

Ubonge kuMjay ngokumeseka kakhulu kusukela engena emculweni eminyakeni ewu-5 edlule.

"UJabulani ungomunye wabantu abakholelwa kakhulu kimina futhi abangesabi ukunginika ithuba. Ngiyabonga kakhulu nakuyena futhi ngifisa aphumelele aye phambili," kusho uSjava.

Eyadini uSjava ubeshiyelana inkundla nabaculi abahlukene okubalwa kubona uBabes Wodumo, uDladla Mshunqisi, uTipcee, uSlenda The Dancing DJ, noDJ Happygal.

UKUVALWA kwezwe yize bekuletha indlala kubaculi abaningi, uSjava uthi kumnike isikhathi sokukhiqiza amanoni amasha. Uphinde wasungula nenhlangano yokusiza abantu.

BASOLA "UMSAKAZI OBEBAQOLA" NGEGAMA LESITESHI

MTHOBISI SITHOLE

KABENEME abaculi bakamaskandi abathi kusetshenziswe amagama abo emncintiswaneni i-1st Annual Inkosi Kamasikandi 2020, osuse umsindo ngokuwina komculi ongaziwa, futhi ongaveli uma sebefuna isiqiniseko ngaye, obizwa ngoNgqongqoshe.

Abaculi basola ukuthi bashaywe ngemfe iphindiwe kulo mncintiswano obuhlelwe nguSabelo Mlambo, weBlaqBen Media and Entertainment, ozichaze kubo njengomsakazi weRise FM, bathi uthembise ukuthi ozodla umhlanganiso uzowina u-R90 000, kuthi umlandeli ovote kakhulu athole u-R10 000 nomakhalekhukhwini.

Okukhalisa abaculi wukuthi umhleli womncintiswano uyababalekela uma befuna ukubona amavoti njengokwesithembiso sakhe ngesikhathi ewethula kubo.

Omunye wabaculi obeyingxenye yomncintiswano, uMnikezwa Ngubane, uthi uma bemfuna uMlambo, uyabaleka kodwa uyabonakala ebhala ezinkundleni zokuxhumana.

"Abantu balwa nathi manje ngoba bavote ngemali yabo, kabazi ukuthi kuqhubekani. Umncintiswano kawunabo ubulungiswa, sekuqhatheka thina nabalandeli bethu.

"Singene kule nto yakhe ngoba sizwa igama

USIFANELE "MZUKULU" ZULU

UMDUMAZI MHLONGO

lomsakazo, osekucacile ukuthi ubedlala ngathi. Siyambhalela imiqhafazo sifuna ukubona amavoti ngokwehlulwa kwethu yilo mculi esingamazi," kusho uMnikezwa.

UBonabenza "Mdumazi" Mhlongo, uthe uxakekile uma ebona igama lakhe kulo mncintiswano ekubeni wayebatshelile abahleli bawo ukuthi akafuni ukuwungenela. Uthi ngesikhathi ecelwa ukuba awungenele, kwakuthiwe ngoweRise FM.

"Kangisazifuni izinto ezithinta abalandeli nokuvota ngoba ekugcineni uma bengasayiboni into abebeyivotela, balwa nathi.

"Ebesivumelene ngakho naye umhleli womncintiswano wukuthi uma sekwenziwa umcimbi wokunikezela ophumelele umklomelo wakhe, engangimema. Ngihlukumezile uma sengithola ukuthi igama lami belisekhona kulo mncintiswano," kusho uMdumazi.

UMntuyenziwa "Bhemile" Khanyile, uthi usathukile namanje ngobekwenzeka kulo mncintiswano ekubeni wayecele ukuhoxiswa ngenxa yokungacaci kwawo.

UMzukulu uthi naye akazange azihluphe ngawo kodwa igama lakhe belifakiwe, evotelwa.

UMNTUYENZIWA "BHEMILE" KHANYILE

Abanye abaculi abebeqokiwe nguMzovukile "Jaiva" Khanyeza noStayela Khanyile. **ILANGA** linayo imiqhafazo, okuthiwa yabhalelwa abaculi betshelwa ukuthi bayingxenye yalo mncintiswano, eqala ngomyalezo othi: "Umsakazo iRise FM ukwazisa ukuthi umuntu oqokelwe ukungena emncintiswaneni."

Umqhudelwano waqala mhla ka-15 ngoNhla-ngulana (June) waphethwa mhla ka-15 kuMandulo (September).

Ebuzwa uMlambo, ukuphikile ukuthi ubezichaza njengomsakazi kubaculi. Uthi imiphumela wayimemezela ekhasini lakhe leFacebook.

"Kwanqoba umculi waseMtubatuba obizwa ngoNgqongqoshe. Inkinga yalaba abanye abaculi kabafunanga ukwamukela ukuthi bahluliwe, yingakho benganelisekile.

"Bebefuna kuvezwe ukuthi kuvotwe kanjani, okusenzima okwamanje ngoba inombolo *(password)* esetshenziswayo uma kubhekwa lokho iyimfihlo, uma izosetshenziswa ngomunye umuntu engathola ilungelo lokuthatha imali yamavoti ngokungemthetho," kusho yena.

Uthi usazowaveza amavoti uma esenikeziwe imali etholakale ngawo.

ILANGA lihlulekile wukuthola lo mculi okuthiwa uwinile, kanti nomnikazi womncintiswano uthe umklomelo ka-R90 000 umnike ngemvilophi, ngakho-ke kabukho ubufakazi.

Umphathi esiteshini iRise FM, uMnu Vukani Gumede, uthe kusazohlanganwa nabathintekayo kubhungwe ngalolu daba.

"Umhleli womncintiswano ubesakaza lapha ekhaya cishe eminyakeni emibili edlule. Waqala umncintiswano wakhe engasasebenzi kwiRise.

"Ngesikhathi ewuqala kuke kwaba khona inkulumo enje, sambuza waphika wathi kalithinteki igama lesiteshi emncintiswaneni wakhe," kusho uMnu Gumede.

mthobisis@ilanganews.co.za

UMAMA MAJOLA
• Izikinga zothando
• Inzalo
• Umsamu
• Wina iLotto
• Nokuningi usizo lukhona
Mshayele
063 317 2187

Photo by Damon Carr on Unsplash

THE FUTURE IS NOW!

Mthashana TVET College is situated in the Northern Region of KwaZulu - Natal and covers a vast area served by 3 District Councils: Zululand District Municipality, uMkhanyakude District Municipality and uMzinyathi District Municipality. Built with community at heart, Mthashana's mandate is to bridge the gap of skills shortages through quality teaching and learning, leading to employment and self-sufficiency.

Mthashana offers a wide array of courses including but not limited to Agriculture; Travel and Tourism; Business, Commerce and Management; Human Resources; Engineering, Services and Building Construction.

Mthashana TVET College recognizes the challenges faced by rural communities. The Department of Higher Education and Training TVET Colleges Bursary Scheme has been established to assist students who have the potential to succeed, but would not be able to do so without financial aid.

Choose your Future. Choose Mthashana Tvet College

Mthashana College
Technical and Vocational Education and Training

266 South Street, Vryheid, 3100, Private Bag X9424 Vryheid, 3100
Tel: (034) 980 1010 I Fax: (034) 980 1012
Website: www.mthashanacollege.co.za I E-mail: info.mthashana@kzntvet.edu.za

indayi.com